



UMqulu weZimfundiso esibambelele kuzo

Uqedelwe ukubhalwa ngomhlaka 4 January, 2017

ngaphansi kwegama le-Living Hope Baptist Church

Uhunyushwe ngomhlaka 10 August, 2026

ngokuqondene ne-Amandla Ensindiso Bible Church

*Lomqulu wezimfundiso uhunyushwe ususelwa kowe Living Hope Bible Church, Pietermaritzburg, eNingizimu neAfrika.

Uhlu Lokuqukethwe

ISANDULELO.....	3
IMIBHALO ENGCGWELE.....	3
UNKULUNKULU.....	4
UNKULUNKULU UYISE.....	4
UNKULUNKULU INDODANA.....	4
UNKULUNKULU UMOYA ONGCGWELE.....	6
UMUNTU.....	7
INSINDISO.....	7
UKUZALWA KABUSHA.....	7
UKULUNGISISWA.....	8
UKUNGCGWELISWA.....	9
UKUKHUSELEKA.....	9
UKWAHLUKANA.....	9
IBANDLA.....	10
IZINGELOS.....	12
IZINTO EZIZOKWENZEKA EKUGCINENI.....	12
NGINGABA KANJANI UMKHRESTU?.....	14

ISANDULELO

Ngokubona ukuthi iBhayibheli ngokoqobo liyiZwi likaNkulunkulu ophilayo elibhekiswe kubantu, futhi ngokuqonda ukubaluleka kokwazi nokulalela ngokuthobeka amaqiniso alo, ubuholi beBandla Amandla Ensindiso buzibophezele ekufundeni nasekufundiseni uMbhalo ngokuzikhandla nangegunya.

Ngalokhoke, umsebenzi osemqoka kakhulu weBandla Amandla Ensindiso ukunikezela ngokuqhubekayo iqiniso lemibhalo kubantu bakaNkulunkulu ukuze bona bezomazi uNkulunkulu bamusebenzele ngokukhonza nangemisebenzi yenkonzo.

Lombhalo weZimfundiso zenkolo usethulela lokho okukholelwa ubuholi maqondana namaqiniso amakhulu ezenkolo afundiswa yiBhayibheli. Wonke amalunga eBandla Amandla Ensindiso ayavumelana nemigomo yokholo elotshwe kwi 'Isivumo Sokholo'. Lombhalo wezimfundiso zenkolo uyincazelo eqhubekela kulezozimfundiso kanjalo nezinye ezengeziwe ongazilindela eBandleni Amandla Ensindiso. Yize noma amalunga wonke engavumelani kwimininingwane emincanyana equkethwe la, lombhalo wona uyisithombe sezinkolelo zobuholi ngaleyondlela uyingxenywe ewummongo wemfundiso la eBandleni Amandla Ensindiso. Wonke amalunga ayavumelana ukubambisana, angabangi ukwahlukana, maqondana nalomBhalo weZimfundiso zeNkolo yize kukhona lezozindawo esihlukakhona ngemibono.

IMIBHALO ENGCGWELE

Sifundisa ukuthi iBhayibheli liyisambulo esilotshiwe sikaNkulunkulu esibhekiswe kubantu, ngaleyondlela izincwadi ezingamashumi ayisithupha nesithupha zeBhayibheli ezinikezelwe kithina nguMoya oNgcwele zakha Izwi likaNkulunkulu eliphefumulwe nguNkulunkulu (izingxenywe zonke ngokulinganayo) (1 KwabaseKhorinte 2:7-14; 2 kaPhethro 1:20-21).

Sifundisa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyisambulo esiyiqiniso esizimele futhi esidlulisela leliqiniso ngamazwi (1 KwabaseThesalonikha 2:13; 1 KwabaseKhorinte 2:13), igama negama livela kuNkulunkulu (2 kuThimothewu 3:16), ngokuphelele alinalo iphutha kwimiqulu yalo yokuqala eyalotshwa ngesandla, alidukisi, liphefumulwe nguNkulunkulu. Sifundisa ukuhumusha uMbhalo ngokwamazwi alotshiwe, ngokwemithetho yolimi, ngokomqondo wesikhathi abhalwa ngaso, lokho okuqinisekisa inkolelo ethi izahluko ezingenisa uGenesisi zikhuluma ngokudalwa okwathatha izinsuku eziyisithupha ngqo (UGenesisi 1:31; UEksodusi 31:17).

Sifundisa ukuthi iBhayibheli lihlanganisa okuyiwona mthetho ongadukisi wokholo nokwenziwa kwawo (ngokukaMathewu 5:18; 24:35; NgokukaJohane 10:35; 16:12-13; 17:17; 1 KwabaseKhorinte 2:13; 2 KuThimothewu 3:15-17; KumaHebheru 4:12; 2 ekaPhethro 1:20-21).

Sikholelwa ekutheni uNkulunkulu wakhuluma eZwini Lakhe elibhaliwe esebenzisa uhlelo lokubhala lwezinhlobo ezimbili zababhali. UMoya Ongcwele wengamela ababhali abangabantu *basemhlabeni* ngendlela yokuthi, ngokusebenzisa ubunjalo babo nezindlela zabo zokubhala ezahlukene, bahlanganisa baqopha iZwi likaNkulunkulu elibhekiswe kubantu (2 ekaPhethro 1:20-21) ngaphandle kokuba khona kwephutha kuyona yonke noma kwingxenywe yayo (ngokukaMathewu 5:18; 2 kuThimothewu 3:16).

Sifundisa ukuthi, yize kungenzeka kubekhona ukwenziwa kweZwi ngokulithobela kwananoma yimuphi umBhalo, kodwa yinye incazelo eyiqiniso. Incazelo yomBhalo kumele itholakale lapho omunye ezikhandla ekusebenziseni indlela yokutolika ngokwamazwi alotshiwe, ngokwemithetho

yolimi,ngokomqondo wesikhathi abhalwa ngaso ngaphansi kokukhanyiselwa nguMoya oNgcwele (ngokukaJohane 7:17; 16:12-15; 1 KwabaseKhorinte 2:7-15; 1 ngokukaJohane 2:20).

Kuwumsebenzi wamakholwa ukuqinisekisa ngokucophelela iqiniso lalokho okuhloswe futhi okuchazwa umBhalo, akubone ukuthi ukulenza ngokulithobela okuyikona kona kubophezela ngokufanayo izizukulwane zonke. Yize kunjalo iqiniso lomBhalo yilo elimi lahlulela abantu; akwenzeki abantu bame bahlulele lona.

UNKULUNKULU

Sifundisa ukuthi kukhona kuphela uNkulunkulu munye ophilayo noweqiniso (Idutheronomi 6:4; Ulzaya 45:5-7; 1 kwabaKhorinte 8:4),unguMoya ongenakulinganiswa ngokuthile okwenziwe, owazi izinto zonke (ngokukaJohane 4:24), uphelele kuzona zonke izimilo Zakhe, munye ngokobunjalo (mvelo), ukhona phakade ebantwini bobuNkulunkulu abathathu--uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele (ngokukaMathewu 28:19; 2 KwabaseKhorinte 13:14)-- ngasinye ngokulinganayo sifanelwe ukukhonzwa nokuthotshelwa.

UNKULUNKULU UYISE

Sifundisa ukuthi uNkulunkulu uYise, ngumuntu wobuNkulunkulu wokuqala kuButhathu Emunye, uyalela futhi akhiphe zonke izinto ngenjongo nomusa Wakhe (Ihubo 145:8-9;1 KwabaseKhorinte 8:6).Ungumdali wezinto zonke (UGenesisi 1:1-31; kwabase-Efesu 3:9). Njengokuba engumbusi yena yedwa ongefaniswe nalutho onamandla onke ezulwini nasemhlabeni, Yena wengamele indalo, ukunakekela, nokuhlangwa (Ihubo 103:19; KwabaseRoma 11:36). UbuBaba Bakhe bubala kokubili indima Yakhe kuButhathu Emunye kanye nobudlelwano Bakhe nabantu. NjengoMdali Yena unguBaba kubantu bonke (Efesu 4:6), kodwa unguBaba ngokukamoya kumakholwa kuphela (KwabaseRoma 8:14; 2 KwabaseKhorinte 6:18). Umisile ngaphambili ngenxa yenkazimulo Yakhe zonke izinto ezenzakalayo (Efesu 1:11).Ngokuqhubekayo uphasa, alawule, futhi engamele izidalwa zonke nezigameko zonke (1 Izikhronike 29:11). Ekwengameleni Kwakhe Akasiye umsungulu noma ovumelana nesono (Habhakuki 1:13; ngokukaJohane 8:38-47),futhi Akalisusi ijoka lokuziphendulela kwindalo ekwazi ukuhlukanisa okuhle noma okubi, nokusebenzisa ukuhluzeka komqondo (1 ekaPhethro 1:17). Ukhethile ngokomusa emaphakadeni labo Yena azobasindisa ukuba babe ngaBakhe (Efesu 1:4-6); Uyasindisa esonweni bonke abeza Kuye ngoJesu Khristu; Uyamukela njengabakhe bonke labo abeza Kuye; bese Yena, ngokubemukela njengomndeni Wakhe, abe nguBaba kwaBakhe (ngokukaJohane 1:12; KwabaseRoma 8:15; KwabaseGalathiya 4:5; kumaHebheru 12:5-9)

UNKULUNKULU INDODANA

Sifundisa ukuthi uJesu Khristu, umuntu wobuNkulunkulu wesibili woButhathu Emunye, unazo zonke izimfanelo zobuNkulunkulu, kuzona zonke uyalingana noYise, unesiqu esifanayo nesikaYise, uphila phakade kunye noYise (ngokukaJohane 10:30; 14:9).

Sifundisa ukuthi uNkulunkulu uBaba udale ngokwentando Yakhe, ngeNdodana Yakhe uJesu Khristu, okungaye zonke izinto ziyaqhubeka ekubenikhona kanye nasekusebenzeni(ngokukaJohane 1:3; KwabaseKholose 1:15-17; KumaHebheru 1:2).

Sifundisa ukuthi ekumbatheni inyama uKhristu wabeka eceleni kuphela amalungelo okuba nguNkulunkulu kodwa akukho okobunjalo bokuba nguNkulunkulu akubeka eceleni, ngokwezinga noma ngokohlobo. Ekubeni Kwakhe yinyama, umuntu waphakade wesibili woButhathu Emunye wamukela zonke izici ezidingakalayo zokuba ngumuntu wasemhlabeni, ngaleyondlela wabangumuntu-enguNkulunkulu (KwabaseFiliphi 2:5-8; KwabaseKholose 2:9).

Sifundisa ukuthi uJesu Khristu umele ubuntu nobuNkulunkulu ebunyeni obungahlukaniseki (Mikha 5:2; ngokukaJohane 5:23; 14:9-10; KwabaseKholose 2:9).

Sifundisa ukuthi iNkosi yethu uJesu Khristu wazalwa yitshitshi (Izaya 7:14; ngokukaMathewu 1:23, 25; Lukha 1:26-35); ukuthi WayenguNkulunkulu enyameni (ngokukaJohane 1:1, 14); nanokuthi injongo yokuthi abeyinyama kwakungukwambula uNkulunkulu, ahlenge abantu, futhi abuse phezu kombuso kaNkulunkulu (Ihubo 2:7-9; Izaya 9:6; ngokukaJohane 1:29; KwabaseFiliphi 2:9-11; KumaHeberu 7:25-26; 1 ekaPhethro 1:18-19).

Sifundisa ukuthi, ekubeni ngumuntu, umuntu wesibili woButhathu Emunye wabeka eceleni ilungelo Lakhe kumalungelo akhe agcwele okubakhona phakade ekanye noNkulunkulu, wathatha ubukhona obufanele ukuba yinceku kodwa engazihlubi izimfanelo Zakhe zobuNkulunkulu (KwabaseFiliphi 2:5-8).

Sifundisa ukuthi iNkosi yethu uJesu Khristu yaphumelelisa ukuhlengwa kwethu ngokuchitha igazi Lakhe nokufa kokuba umhlathshelo esiphambanweni nokuthi ukufa Kwakhe kwaba ngokuzivumela, ngokwenzela abanye, endaweni yabanye, ngokuhlalwulela, kanye nangokuhlenga (ngokukaJohane 10:15; KwabaseRoma 3:24-25; 5:8; 1 ekaPhethro 2:24).

Sifundisa ukuthi ngenxa yokusebenza ngempumelelo kokufa kweNkosi yethu uJesu Khristu, isoni esikholwayo sikhululwa kwisijeziso, kwisigwebo, emandleni, futhi ngosuku lumbe kuyoba nasebukhoneni besono; nokuthi futhi simenyezela ukuthi silungile, sinikezwe ukuphila okuphakade, futhi samukelwa njengelungu lomndenini kaNkulunkulu (KwabaseRoma 3:25; 5:8-9; 2 KwabaseKhorinte 5:14-15; 1 ekaPhetro 2:24; 3:18).

Sifundisa ukuthi ukulungisiswa kwethu kuqinisekiswa ukuvuka Kwakhe ekufeni kwempela okungokomzimba, futhi ukuthi manje ukhuphukele esandleni sokunene sikaYise, lapho esilamulela njengoMmeli wethu noMphristi oMkhulu (Mathewu 28:6; ngokukaLukha 24:38-39; Izenzo 2:30-31; KwabaseRoma 4:25; 8:34; KumaHeberu 7:25; 9:24; 1 ekaJohane 2:1).

Sifundisa ukuthi ekuvukeni ekufeni kukaJesu Khristu ethuneni, uNkulunkulu waqinisekisa ubuNkulunkulu beNdodana Yakhe futhi wanikezela ubufakazi bokuthi uNkulunkulu uwamukelile umsebenzi kaKhristu esiphambanweni wokwenza ukubuyisana. Ukuvuka ekufeni ngokomzimba kukaJesu kuphinde kube yisiqiniseko sempilo yokuvuka ekufeni kwamamakholwa wonke (ngokukaJohane 5:26-29; 14:19; KwabaseRoma 1:4; 4:25; 6:5-10; 1 KwabaseKhorinte 15:20,23).

Sifundisa ukuthi uJesu Khristu uzobuya ukuzokwamukela Kuye ibandla, elingumzimba Wakhe, esikhathini sokuhlwithwa kwalo bese, ekubuyeni nebandla Lakhe enkazimulweni, uzomisa umbuso Wakhe weminyaka eyizinkulungwane emhlabeni (Izenzo 1:9-11; 1 KwabaseThesalonikha 4:13-18; Isambulo 20).

Sifundisa ukuthi Inkosi uJesu Khristu nguye lowo uNkulunkulu azokwahlulela ngaye bonke abantu (ngokukaJohane 5:22-23):

- a) Amakholwa (1 KwabaseKhorinte 3:10-15; 2 KwabaseKhorinte 5:10)
- b) Izakhumuzi zomhlaba eziphilayo ekubuyeni Kwakhe enkazimulweni (ngokukaMathewu 25:31-46)
- c) Abafileyo abangakholwa esiHlalweni soBukhosi Esikhulu Esimhlophe (Isambulo 20:11-15)

Njengomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu (1 KuThimothewu 2:5), inhloko yomzimba Wakhe ibandla (KwabaseEfesu 1:22; 5:23; KwabaseKholose 1:18), nanjengeNkosi yabobonke

ezaya ezobusa esihlaweni sobukhosi sikaDavide (UIZaya 9:6;ngokukaLukha 1:31-33), Ungumehluleli wokugcina wabobonke abahlulekayo ukubeka ithemba labo Kuye njengeNkosi noMsindisi (ngokukaMathewu 25:14-46; Izenzo 17:30-31).

UNKULUNKULU UMOYA ONGCWELE

Sifundisa ukuthi uMoya oNgcwele ungumuntu wobuNkulunkulu, ungowaphakade, akenziwanga, unezimfanelo zonke zobunjalo nobuNkulunkulu kubalwa nobuhlakani (1 KwabaseKhorinte 2:10-13), imizwa (kwabase-Efesu 4:30), intando (1 KwabaseKhorinte 12:11), iphakade (KumaHebheru 9:14), ukhona yonke indawo (IHubo 139:7-10), Unokwazi konke (Izaya 40:13-14, Unamandla onke (KwabaseRoma 15:13), nobuqiniso (ngokukaJohane 16:13). Kuzona zonke izimilo zobuNkulunkulu Uyalingana futhi unobunjalo obufanayo noYise neNdodana (ngokukaMathewu 28:19; Izenzo 5:4-3; 28:25-26; 1 KwabaseKhorinte 12:4-6; 2 KwabaseKhorinte 13:14; noJeremiya 31:31-34 kunye namaHebheru 10:15-17).

Sifundisa ukuthi kungumsebenzi kaMoya oNgcwele ukuphumelelisa intando yasezulwini maqondana nabantu bonke. Siyawubona umsebenzi Wakhe wokwengamela kwindalo (uGenesisi 1:2), ekumbatheni inyama kukaKhristu (ngokukaMathewu 1:18), kwisambulo esilotshiwe (2 ekaPhethro 1:20-21), nakumsebenzi wensindiso (ngokukaJohane 3:5-7).

Sifundisa ukuthi umsebenzi kaMoya oNgcwele kulesisikhathi waqala ngePhentakhoste ngesikhathi Yena eza evela kuYise njengokuthembisa kukaKhristu (ngokukaJohane 14:16-17; 15:26) ukuzoqalisa bese aphelelise ukwakhiwa komzimba kaKhristu, okuyibandla Lakhe (1 KwabaseKhorinte 12:13). Isigaba esiphelele somsebenzi Wakhe kubalwa phakathi nokuqondisa ngesiqiniseko izwe ngesono, ngokulunga, nangokwahlulela; ukukhazimulisa iNkosi uJesu Khristu nokuguqula amakholwa abesemfanekisweni kaKhristu (ngokukaJohane 16:7-9; Izenzo 1:5; 2:4; KwabaseRoma 8:29; 2 KwabaseKhorinte 3:18; KwabaseEfesu 2:22).

Sifundisa ukuthi uMoya oNgcwele uyisisebenzi sasezulwini esengamele ekuzaleni kabusha, ukubhabhadisela amakholwa emzimbeni kaKhristu (1 KwabaseKhorinte 12:13). UMoya oNgcwele uphinde ahlale ngaphakathi kwawo, awahlanze, awayale, awanikezele ngamandla okukwazi ukwenza umsebenzi, futhi uwafaka isigxivizo kuzekube sosukwini lokuhlengwa (KwabaseRoma 8:9; 2 KwaKhorinte 3:6; KwabaseEfesu 1:13).

Sifundisa ukuthi uMoya oNgcwele unguthisha ongowasezulwini owaholela abaphostoli nabaprofethi kulona lonke iqiniso njengoba babezibophezele ukubhala isambulo sikaNkulunkulu, iBhayibheli. Lonke ikholwa linobukhona bukaMoya oNgcwele kusukela ngesikhathi sensindiso, futhi kungumsebenzi wabobonke labo abazelwe ngoMoya ukuba bagcwaliswe (balawulwe) nguMoya (ngokukaJohane 16:13; KwabaseRoma 8:9; KwabaseEfesu 5:18; 2 ekaPhethro 1:19-21; 1 ekaJohane 2:20, 27).

Sifundisa ukuthi uMoya oNgcwele unikezela ngeziphiiwo zokomoya ebandleni. UMoya oNgcwele akazikhazimulisi Yena noma iziphiiwo Zakhe ngokombukiso wokuzigabisa, kodwa uyamkhazimulisa uKhristu ngokuqalisa umsebenzi Wakhe wokuhlenga abalahlekile nokuhlumelelisa amakholwa okholweni olungcwele kakhulu (ngokukaJohane 16:13-14; Izenzo 1:8; 1 KwabaseKhorinte 12:4-11; 2 kwabaseKhorinte 3:18).

Sifundisa, maqondana nalokhu, ukuthi uNkulunkulu uMoya oNgcwele wengamele ekunikezeleni ngazozonke iziphiiwo Zakhe ukuba kupheleliswe abangcwele namhlanje nokuthi ukukhuluma ngezilimu nokusebenza kwezimangalisano zokunikezela izimpawu ekuqaleni kwezinsuku zebandla kwakungokwenjongo yokukhomba nokufakazela ngobuqiniso abaphostoli njengabambuli beqiniso

lasezulwini, futhi kwakungakaze kuhloswe ngakho ukuba zibe izici zempilo yamakholwa (1 KwabaseKhorinte 12:4-11; 13:8-10; 2 KwabaseKhorinte 12:12; KwabaseEfesu 4:7-12; KumaHeberu 2:1-4).

UMUNTU

Sifundisa ukuthi umuntu wadalwa ngqo ngalesosikhathi nguNkulunkulu ngomfanekiso Wakhe futhi wafuza Yena. Umuntu wadalwa engenasono enemvelo enengqondo yokuhlela ukucabanga, enokuhlakanipha, enamandla okuzikhethela okufunwa nguye, enamandla okwenza lokho akufisayo ngokukhululekile, ebophezelekile kwindlela yokuziphatha phambi kukaNkulunkulu (UGenesisi 2:7, 15-25; ekaJakobe 3:9).

Sifundisa ukuthi inhloso kaNkulunkulu ekudaleni umuntu kwakungukuthi umuntu adumise uNkulunkulu, athokozele inhlanyanyelo kaNkulunkulu, aphile impilo yakhe entandweni kaNkulunkulu, ngokwenza lokhu aphumelelise injongo kaNkulunkulu ngomuntu emhlabeni ((Ulzaya 43:7; KwabaseKholo 1:16; Isambulo 4:11)

Sifundisa ukuthi uNkulunkulu wadala isizwe sabantu ukuba kube ubulili besilisa noma kube ngobesifazane (Genesisi 1:27), nokuthi umshado *yinkonzo* esungulwe nguNkulunkulu eyakhiwa kuphela inhlanyanyiso yobulili obungafani obuthandanayo phakathi kowesilisa ngokokuzalwa nowesifazane ngokokuzalwa (Genesisi 2:21-24; ngokukaMathewu 19:4-6, kwabaseKholose 3:18-19).

Sifundisa ukuthi isono sikaAdamu sokungalaleli intando neZwi likaNkulunkulu okwambuliwe umuntu walehlekelwa ubumsulwa bakhe; wathola isijeziso sokufa kukamoya nokwenyama; waba ngaphansi kolaka lukaNkulunkulu; waba ngowonakele ngokokwemvelo futhi akangakwazi nhlobo ukuzikhethela noma ukuzenzela lokho okwamukelekile kuNkulunkulu ngaphandle kokungenelela komusa waphezulu. Ngokungabi namandla okukwazi ukuzisiza yena ukuzibuyisela esimweni, umuntu ulahlekile okokuphela. Insindiso yomuntu ngakhoke ngokuphelele ingokomusa kaNkulunkulu ngomsebenzi wokuhlenga weNkosi yethu uJesu Khristu (Genesisi 2:16-17; 3:1-19; ngokukaJohane 3:36; KwabaseRoma 3:23; 6:23; 1 KwabaseKhorinte 2:14; KwabaseEfesu 2:1-3; 1 KuThimothewu 2:13-14; 1 ekaJohane 1:8)

Sifundisa ukuthi ngenxa yokuthi bonke abantu babekuAdamu, imvelo eyonakaliswe isono sikaAdamu idluliselwe kubona bonke abantu bezikhathi zonke, uJesu Khristu kunguye kuphela ongabanga nayo. Bonke abantu ngaleyondlela bayizoni ngokokwemvelo, ngokuzikhethela, nangokokudalulwa nguNkulunkulu (IHubo 14:1-3; uJeremiya 17:9; KwabaseRoma 3:9-18, 23; 5:1-12).

INSINDISO

Sifundisa ukuthi insindiso iwumsebenzi kaNkulunkulu ngokuphelele ngomusa ongenxa yesihlengo sikaJesu Khristu, ukufaneleka kwegazi Lakhe elaphalala, hhayi ngokokufaneleka komuntu noma kwemisebenzi yomuntu (NgokukaJohane 1:12; KwabaseEfesu 1:7; 2:8-10; 1 ekaPhethro 1:18-19).

UKUZALWA KABUSHA

Sifundisa ukuthi ukuzalwa kabusha umsebenzi ongaphezukowemvelo kaMoya oNgcwele okungawo kunikezelwa imvelo okungeyasezulwini nempilo okungeyasezulwini (ngokukaJohane 3:3-7; kuThithu 3:5). Wenzeka ngaso lesosikhathi futhi uyaphelela kuphela ngamandla kaMoya oNgcwele ngokusebenza kweZwi likaNkulunkulu (ngokukaJohane 5:24), ngesikhathi isoni

esiphendukayo, ngokunikezelwa amandla nguMoya oNgcwele, siphendula ngokukholwa ekuhlizelweni kwaphezulu ngensindiso. Ukuzalwa kabusha kwangempela kubonakala ngezithelo ezifanele ukuphenduka ngokokubonakaliswa ekucabangeni nasekwenzeni okulungile. Imisebenzi emihle izoba ubufakazi nezithelo zakho ezikahle (1 KwabaseKhorinte 6:19-20; KwabaseEfesu 2:10), futhi izozwakala kuzekube sezingeni lokuthi ikholwa lithobela ukulawulwa nguMoya oNgcwele empilweni yalo ngokulalela ngokuthembekile Izwi likaNkulunkulu (KwabaseEfesu 5:17-21; KwabaseFiliphi 2:12b; KwabaseKholose 3:16; 2 ekaPhethro 1:4-10). Lokhu kulalela ngokuthobeka kwenza ikholwa ukuba ngokukhulayo libunjwe emfanekisweni weNkosi yethu uJesu Khristu (2 KwabaseKhorinte 3:18). Ukubunjwa okunjalo kuyophelela ekukhazimulisweni kwekholwa ekubuyeni kukaKhristu (KwabaseRoma 8:17; 2 ekaPhethro 1:4; 1 ngokukaJohane 3:2-3).

UKUKHETHWA

Sifundisa ukuthi ukukhethwa isenzo sikaNkulunkulu okungaso, ngaphambi kwesisekelo somhlaba, Yena wakhethela kuKhristu labo ngokomusa Abazala kabusha, Abasindisayo, Abahlanzayo (KwabaseRoma 8:28-30; KwabaseEfesu 1:4-11; 2 KwabaseThesalonikha 2:13; 1 ekaPhethro 1:1-2)

Sifundisa ukuthi ukukhethwa akuphambani noma akushayi indiva umsebenzi womuntu ukuba aphenduke bese ethemba uJesu Khristu njengoMsindisi neNkosi (Hezekeli 18:23, 32; 33:11; ngokukaJohane 3:18-19, 36; 5:40; KwabaseRoma 9:22-23; 2 KwabaseThesalonikha 2:10-12; Isambulo 22:17). Noma kunjalo, njengalokhu umusa ufaka phakathi indlela yokwamukela isipho sensindiso kanjalo nesipho qobolwaso, ukukhethwa kuzohlela kulokho uNkulunkulu akumisile. Bonke labo uBaba ababizela Kuye bazoza ngokukholwa futhi bonke labo abeza ngokukholwa *Yena uBaba uyabemukela* (ngokukaJohane 6:37-40, 44; Izenzo 13:48; ekaJakobe 4:8)

Sifundisa ukuthi isihle esingayi ngezenzo zomuntu uNkulunkulu asinikezela kwizoni ezonakele ngokuphelele asihlobene nemizamo yazo noma nokulindela kukaNkulunkulu lokho zona okungenzeka zikwenze ngokwentando yazo, kodwa kulele kuphela emseni nakwisihe Sakhe okuya ngokwentando Yakhe (KwabaseEfesu 1:4-7; kuThithu 3:4-7; 1 ekaPhethro 1:2).

Sifundisa ukuthi ukukhethwa akumele kubukwe nje engathi kusekelwe ekwengameleni kukaNkulunkulu kuzihambela kodwa. UNkulunkulu ngempela wengamele izinto zonke kodwa usebenzisa lokhu kwengamela kwakhe izinto zonke ngokuvumelanayo nezimilo Zakhe ezinye, kakhulukazi ukwazi izinto zonke, ubulungiswa, ubungcwele, ubuhlakani, umusa kanye nothando (KwabaseRoma 9:11-16). Lokhu kwengamela izinto zonke kuzohlezi kuphakamisa intando kaNkulunkulu ngendlela ehambiselana ngokuphelele nesimilo Sakhe njengokwambulwa kwaso kwimpilo yeNkosi yethu uJesu Khristu (NgokukaMathewu 11:25-28; 2 KuThimothewu 1:9).

UKULUNGISISWA

Sifundisa ukuthi ukulungisiswa phambi kukaNkulunkulu yisenzo esenziwa nguNkulunkulu (KwabaseRoma 8:33) ngaso Udalula njengabalungile labo, ngokukholwa kuKhristu, abaphendukayo ezonweni zabo (ngokukaLukha 13:3; Izenzo 2:38; 3:19; 11:18; KwabaseRoma 2:4; 2 KwabaseKhorinte 7:10; Izaya 55:6-7) bese bevuma Yena njengeNkosi eyengamele izinto zonke (KwabaseRoma 10:9-10; 1 KwabaseKhorinte 12:3; 2 KwabaseKhorinte 4:5; KwabaseFiliphi 2:11). Lokhu kulunga kuhlukene nokulunga noma umsebenzi womuntu (KwabaseRoma 3:20; 4:6) futhi kufaka phakathi ukubalelwa kwezono zethu kuKhristu (KwabaseKholose 2:14; 1 kaPhethro

2:24) kanye nokubalelwa kithina kokulunga kukaKhristu (1 KwabaseKhorinte 1:30; 2 KwabaseKhorinte 5:21). Ngalandlela yokwenza uNkulunkulu usebenza nje “ngolungileyo, nomlungisisi walowo okholwa nguJesu” (KwabaseRoma 3:26).

UKUNGCELISWA

Sifundisa ukuthi wonke okholwayo ungceliselwe (wahlukaniselwe) kuNkulunkulu ngokulungisiswa ngaleyondlela-ke udalulwa ukuthi usengcele okungaleyondlela ubizwa ngokuthi ungongcele. Lokhu kungceliswa yilokho okungokwesimo sokwenziwe ngasolesosikhathi futhi kwenzeka mahlayeni. Akufanele kudidaniswe nokungceliswa okukhulayo ngokuqhubeka kwesikhathi. Lokhu kungceliswa kuhlobene nesimo ikholwa elenziwe layisona hhayi indlela elihamba ngayo noma isimo eliyisona manje (Izenzo 20:32; 1 KwabaseKhorinte 1:2,30; 6:11; 2 KwabaseThesalonikha 2:13; KumaHebheru 2:11; 3:1; 10:10, 14; 13:12; 1 ekaPhethro 1:2).

Sifundisa ukuthi kukhona futhi ngomsebenzi kaMoya oNgcele ukungceliswa okuwumsebenzi oqhubekayo okungakho isimo sekholwa siyenziwa ukuba sisondele kuleso sesimo ikholwa eselenziwe laba naso elisithokozelayo esize ngokulungisiswa. Ngokulalela ngokuthobeka iZwi likaNkulunkulu nokunikezelwa amandla nguMoya oNgcele, ikholwa liyakwazi ukuphila impilo ekhulayo ekubeni ngcele ngokuhambiselana nentando kaNkulunkulu, likhule kancane kancane ekubeni njengeNkosi yethu uJesu Khristu (ngokukaJohane 17:17,19; KwabasRoma 6:1-22; 2 KwabaseKhorinte 3:18; 1 KwabaseThesalonikha 4:3-4; 5:23).

Maqondana nalokhu, sifundisa ukuthi wonke umuntu osindisiwe uyingxenywe yempi yansuku zonke —imvelo entsha kuKhristu ilwa nenyama-- isibonelelo esanele senziwe maqondana nokunqoba ngamandla kaMoya oNgcele ohlala ngaphakathi kithi. Impi yona noma kunjalo ihlala nalo ikholwa kwimpilo yonke yalapha emhlabeni futhi akwenzeki iphele ngokuphelele. Zonke izinkulumo eziqonde ukuthi isono sinqontshiwe ngokuphelele kulokhu kuphila azikho ngokombhalo. Ukuqenda nya isono akunakwenzeka, kodwa uMoya oNgcele uyahlinzeka ngokunqoba phezu kwesono (KwabaseGalathiya 5:16-25; KwabaseEfesu 4:22-24; KwabaseFiliphi 3:12; KwabaseKholose 3:9-10; 1 ekaPhethro 1:14-16; 1 ekaJohane 3:5-9).

UKUKHUSELEKA

Sifundisa ukuthi bonke abahlengiwe uma sebesindisiwe bayagcinwa ngamandla kaNkulunkulu ngaleyondlela bakhuselekile kuKhristu ingunaphakade (ngokukaJohane 5:24; 6:37-40; 10:27-30; KwabaseRoma 5:9-10; 8:1, 31-39; 1 KwabaseKhorinte 1:4-8; KwabaseEfesu 4:30; kumaHebheru 7:25; 13:5; 1 ekaPhethro 1:5; ekaJuda 24)

Sifundisa ukuthi kuyilungelo lekhethelo lamakholwa ukuthokoza ngesiqiniseko sensindiso yawo ngobufakazi beZwi likaNkulunkulu, lona-ke kodwa, liyakuchitha ngokusobala ukusentshenziswa kwenkululeko yaMakhrestu njengethuba lokuphila impilo ethokozela isono kanye nangezifiso zenyama ezikhohlakele.(KwabaseRoma 6:15-22; 13:13-14; KwabaseGalathiya 5:13, 25-26; kuThithu 2:11-14).

UKWAHLUKANA

Sifundisa ukuthi ukuhlukana nesono kuyaleziwe ngokucacile kulona lonke iThestamente Elidala neLisha, nokuthi Imibhalo ngokucacile iyakhomba ukuthi ezinsukwini zokugcina ukuhlubuka

nobuzwe buzokhula (2 KwabaseKhorinte 6:6:14-7:1; 2 KuThimothewu 3:1-5).

Sifundisa ukuthi ngokubonga okujulile umusa esingawufanele kaNkulunkulu owehliselwe kithina nangenxa yokuthi uNkulunkulu wethu omangalisayo kakhulu ufanelwe ukuzihlukanisa kwethu ngokuphelele nokungcola, bonke abasindisiwe kumele baphile ngendlela yokuthi bakhombise ngobufakazi uthando lwethu kuNkulunkulu ngaleyondlela esingeke sithele ngehlazo INkosi noMsindisi wethu. Siphinde sifundise nokuthi ukuzihlukanisa kwizinkolo zonke ezihlubukile, nakwimisebenzi enobuzwe nokukhohlakala kuyaleziwe kithina nguNkulunkulu (KwabaseRoma 12:1-2, 1 KwabaseKhorinte 5:9-13; 2 KwabaseKhorinte 6:14-7:1; 1 ekaJohane 2:15-17; 2 ekaJohane 9-11).

Sifundisa ukuthi amakholwa kumele azahlukanisele INkosi yethu uJesu Khristu (2 KwabaThesalonikha 1:11-12; kumaHebheru 12:1-2) futhi siyaqinisekisa ukuthi impilo yoBukhrestu impilo yokulunga okufakazela ukulalela uNkulunkulu okubonakaliswa ngobufakaza yindlela yokuziphatha ebusisekile (ngokukaMathewu 5:2-12) kanye nokuphokophelela ubungcwele ngokuqhubekayo (KwabaseRoma 12:1-2; 2 KwabaseKhorinte 7:1; kumaHebheru 12:14; kuThithu 2:11-14; 1 ekaJohane 3:1-10).

IBANDLA

Sifundisa ukuthi bonke ababeka ukukholwa kwabo kuJesu Khristu ngasolesosikhathi bafakwa nguMoya oNgcwele emzimbeni munye kamoya, ibandla (1 Khorinte 12:12-13), uMakoti kaKhristu (2 Khorinte 11:2; Efesu 5:23-32; iSambulo 19:7-8), uKhristu Yena uyinhloko (Efesu 1:22,4:15; Kholose 1:18).

Sifundisa ukuthi ukwakhiwa kwebandla, umzimba kaKhristu, kwaqala ngosuku lwePhentekhoste (Izenzo 2:1-21, 38-47) futhi kuzopheleliswa ekubuyeni kukaKhristu eze kwaBakhe ngesikhathi sokuhlwithwa (1 KwabaseKhorinte 15:51-52; 1 KwabaseThesalonikha 4:13-18).

Sifundisa ukuthi ibandla ngaleyondlela liyisakhiwo esihlukile esiphilayo sikamoya ukuma kwaso okuhlelwe nguKhristu, sakhiwe ngabo bonke abazalwane abazelwe kabusha kulesisikhathi samanje (KwabaseEfesu 2:11-3:6). Ibandla lihlukile kunolSrayeli (1 KwabaseKhorinte 10:32), yimfihlakalo engambulwanga kwaze kwaba yilesisikhathi (KwabaseEfesu 3:1-6; 5:32).

Sifundisa ukuthi ukumiswa nokuqhubeka kwamabandla endawo kufundiswe kwachazwa ngokucacile kwiMibhalo yeThestamente Elisha (Izenzo 14:23,27; 20:17,28; KwabaseGalathiya 1:2; KwabaseFiliphi 1:1; 1 KwabaseThesalonikha 1:1; 2 kwabaseThesalonikha 1:1) futhi amalunga alomzimba kamoya owodwa ayaleziwe ukuba ahlange ndawonye ngokungokwawo kwimihlangano engokwezindawo (1 KwabaseKhorinte 11:18-20; KumaHebheru 10:25).

Sifundisa ukuthi isiphathimandla sebandla esiphezulu nguKhristu (1 KwabaseKhorinte 11:3; KwabaseEfesu 1:22; Colossians 1:18) nokuthi izimfanelo zebandla, okuwubuholi, iziphiwo, ukuhleleka, ukuqondiswa, nokukhonza konke lokhu kuqokwe ngobukhosi Bakhe njengokuba kuveziwe eMibhalweni. Amagunya ahlelwe ngokwebhayibheli asebenza ngaphansi kukaKhristu nangaphezu kwebandla amalunga (ababuye babizwe ngamabhishophi, abelusi, nokuthi abelusi-abangabefundisi; Izenzo 20:28, KwabaseEfesu 4:11) kanye namadikoni, zombili lezizingxenyi zalamagunya kumele isimilo salabo abakuwo sifaneleke ngokwebhayibheli (1 kuThimothewu 3:1-13; kuThithu 1:5-9; 1 ekaPhethro 5:1-5).

Sifundisa ukuthi abaholi bayahola noma balawule njengezinceku zikaKhristu (1 kuThimothewu 5:17-22) futhi banegunya Lakhe ekulawuleni ibandla. Ibandla kumele lithobele ubuholi balo

(kumaHebheru 13:7,17).

Sifundisa ngokubaluleka kokwenziwa kwabafundi (ngokukaMathewu 28:19-20; 2 kuThimothewu 2:2), ukubhekana ngokubambisana kwabazalwane bonke omunye komunye (ngokukaMathewu 18:5-14), kanjalo nesidingo sokuqondisa izigwegwe kumalunga ebandla aqhubekela ekoneni okwenziwa ngokwemigomo yoMbhalo (ngokukaMathewu 18:15-22; Ilenzo 5:1-11; 1 KwabaseKhorinte 5:1-13; 2 KwabaseThesalonikha 3:6-15; 1 kuThimothewu 1:19-20; kuThithu 1:10-16).

Sifundisa ngokuzimela qekelele kwebandla lendawo, lingenakho ukuzibophezela kwiziphathimandla noma ekulawulweni okuqhamuka ngaphandle kwebandla, ngokuba nelungelo lokuziphatha kanye nelungelo lokuba nenkululeko yokuziqhelelanisa ekungxambukeleni kwanoma yiziphi izinhla zobuholi noma izinhlangano (kuThithu 1:5). Sifundisa ukuthi kungokwesifundiso soMbhalo ukuthi amabandla eqiniso abambisane maqondana nokuhambisa ivangeli nokwandiswa kokholo. Ibandla lendawo ngalinye, kodwa-ke, ngobuholi balo kanye nokuhumusha kwabo iZwi kanye nokulenza iZwi, lokho kumele kube umahluleli ozimele wesilinganiso nendlela okuzobukeka ngayo ukubambisana. Abadala bebandla kumele banqume zonke ezinye izindaba zobulungu, ezenqubomgomo, ukubuyiswa ekuphambukeni, ukunakekela abaswele, kanye nohulumeni (Ilenzo 15:19-31; 20:28; 1 KwabaseKhorinte 5:4-7, 13; 1 ekaPhethro 5:1-4)

Sifundisa ukuthi injongo yebandla ukudumisa uNkulunkulu (KwabaseEfesu 3:21) ngokuthi lizakhe lona okholweni (KwabaseEfesu 4:13-16), ngomyalelo weZwi (2 kuThimothewu 2:2,15; 3:16-17), ngenhlanganyelo (Ilenzo 2:47; 1 ngokukaJohane 1:3), ngokugcina imikhuba yamakhrestu (ngokukaLukha 22:19; Ilenzo 2:38-42) kanye nangokuhambisa nokukhuluma ivangeli emhlabeni wonke (ngokukaMathewu 28:19; Ilenzo 1:8; 2:42)

Sifundisa ngokubizelwa kwabangcwele bonke emsebenzi wokukhonzana (1 Khorinte 15:58; KwabaseEfesu 4:12; Isambulo 22:12)

Sifundisa ngesidingo sebandla sokubambisana noNkulunkulu lapho efeza injongo Yakhe emhlabeni. Maqondana nalokhu, Yena unikezela ebandleni ngezziphiwo zikamoya. Okokuqala, Unikezela ngamadoda akhethelwe inhloso yokuhlomisela abazalwane umsebenzi wokukhonza (KwabaseEfesu 4:7-12) futhi Uphinde anikezele amakhono okomoya ahlukile futhi akhethekile kwilunga lomzimba kaKhristu ngalinye (KwabaseRoma 12:5-8; 1 KwabaseKhorinte 12:4-31; 1 ekaPhethro 4:10-11)

Sifundisa ukuthi kwakukhona izinhlobo ezimbili zezipho ebandleni lokuqala: iziphiwo zezimangaliso kanye nesambulo sasezulwini nokuphilisa, ezazinikezelwe isikhashana ngesikhathi sobuphostoli ngenhloso yokuqinisekisa ubuqiniso bomyalezo wabaPhostoli (kumaHebheru 2:3-4; 2 KwabaseKhorinte 12:12); bese kuba iziphiwo zokukhonzana, ezazinikezelwe ukwakha omunye nomunye. Ekuphelelisweni kweThestamente Elisha kulesisikhathi, Umbhalo yiwona wodwa oba ngowokuhlola ubuqiniso bomyalezo womuntu , bese kuthi iziphiwo zokuqinisekisa ezazi nokwenza izimangaliso azisenasidingo sokuqinisekisa umuntu noma umyalezo wakhe (1 KwabaseKhorinte 13:8-12). Iziphiwo zokwenza izimangaliso zikwazi ngisho nokukotshelwa nguSathane ukwenzela ukukhohlisa ngisho nabazalwane (1 KwabaseKhorinte 13:13-14; 12; Isambulo 13:13-14). Okuyizona kuphela iziphiwo ezisebenzayo namhlanje yilezo ziphiwo ezinganikezeli isambulo esisha kepha ngezokuhlomisela ezinikezelwe ngenhloso yokwakhana kwabazalwane (kwabaseRoma 12:6-8).

Sifundisa ukuthi akekho onesipho sokuphilisa namhlanje kodwa ukuthi uNkulunkulu uyayizwa futhi ayiphendule imikhuleko eyenziwe ngokukholwa futhi uzophendula ngokuhambiselana nentando Yakhe ephelele ngalowo ogulayo, ohluphekile, ososizini (ngokukaLukha 18:1-6; ngokukaJohane

5:7-9; 2 KwabaseKhorinte 12:6-10; ekaJakobe 5:13-16; 1 ekaJohane 5:14-15).

Sifundisa ukuthi mibili imikhuba yaMakhrestu emiselwe amabandla endawo: umbhabhadiso neSidlo seNkosi (Izenzo 2:38-42). Umbhabhadiso woBukhrestu ngokucwiliswa emanzini (Izenzo 8:36-39) isenzo sobufakazi obuhloniphekile nobuhle bekhola lapho likhombisa ukhono lwalo kuMsindisi owabethelwa, wambelwa, wavuka, kanye nokuhlanganyela Naye ekufeni esonweni kanye nasekuvukeni ekuphileni okusha (KwabaRoma 6:1-11). Wona futhi uwuphawu lenhlanganyelo nokuzihlanganisa nomzimba kaKhristu obonakalayo (Izenzo 2:41-42).

Sifundisa ukuthi Isidlo seNkosi isikhumbuzo nokubikezelwa kokufa Kwakhe aze Yena abuye, futhi njalo kumele sandulelwe wukuzihlola okuhloniphekile (1 KwabaseKhorinte 11:28-32). Siphinde sifundise ukuthi yize empeleni lokho okusentshenzisela Isidlo seNkosi kuyisilinganiselo kuphela senyama negazi kukaKhristu, Isidlo seNkosi sona ngokungokwaso siyinhlanganyelo ngokoqobo noKhristu ovusiwe okhona ngendlela ehlukile, ehlanganyele nabantu Bakhe (1 KwabaseKhorinte 10:16).

IZINGELOS

IZINGELOS EZINGCWELE

Sifundisa ukuthi izingelosi zidaliwe futhi ngenxa yalokho akumele zikhonzwe. Yize noma ziphezulu kunomuntu ngokohlu lokudalwa, zidalelwe ukusebenzela uNkulunkulu nokuthi ziMkhonze (NgokukaLukha 2:9-14; **kumaHebheru 1:6-7**, 14; 2:6-7; Isambulo 5:11-14; 19:10; 22:9).

IZINGELOS EZIWILE

Sifundisa ukuthi uSathane uyingelosi edaliwe nomqambi wesono. Wehlelwe ngukwahlulelaa kukaNkulunkulu ngenxa yokuthi wavukela uMdali wakhe (uIZaya 14:12-17; Uhezekiya 28:11-19), wathatha inqwaba yezingelosi kunye naye ekuweni kwakhe (ngokukaMathewu 25:41; Isambulo 12:1-14) nangenxa yokuthi waletha isono kubantu ngokulinga kwakhe uEva (uGenesis 3:1-15).

Sifundisa ukuthi uSathane uyisitha esisobala nesidaluliwe sikaNkulunkulu nabantu (uIZaya 14:13-14; ngokukaMathewu 4:1-11; Isambulo 12:9-10), uyinkosi yalelizwe enqontshiwe ngokufa nokuvuka kukaJesu Khristu (KwabaRoma 16:20) nokuthi uzojeziswa ingunaphakade echibini lomlilo (uIZaya 14:12-17; uHezekiya 28:11-19; ngokukaMathewu 25:41; Isambulo 20:10).

IZINTO EZIZOKWENZKA EKUGCINENI

UKUFA

Sifundisa ukuthi ukufa ngokwenyama akuholeli ekulahlekelweni ukuphila kwalokho okungaphathwa ngezandla (**ISambulo 6:9-11**), nokuthi umphefumulo wabahlengiweyo udlula ngokushesha uye ebukhoneni bukaKhristu (**ngokukaLukha 23:43**; KwabaseFiliphi 1:23; **2 KwabaseKhorinte 5:8**). Sifundisa futhi ukuthi kuba khona ukwehlukana phakathi komphefumulo nomzimba (**KwabaseFiliphi 1:21-24**), nokuthi kwabahlengiweyo lokhu kwehlukana kuyakuqhubeka kuze kube sekufikeni kokuhlwithwa (**1 KwabaThesalonikha 4:13-17**), okuqala uvuko lokuqala (Isambulo 20:4-6). Ngaleso sikhathi umphefumulo nomzimba **kuyohlangukiswa**

futhi ukuze kukhazimuliselwe phakade kanye neNkosi yethu (KwabaseFiliphi 3:21; 1 KwabaseKhorinte 15:35–44, 50–54). Kuze kufike leso sikhathi, imiphefumulo yabahlengiweyo kuKhristu ihlala kwihlanganyelo ejabulisayo neNkosi yethu uJesu Khristu (2 KwabaseKhorinte 5:8).

Sifundisa ngokuvuka ngokomzimba kwabantu bonke, abasindisiwe ekuphileni okuphakade (ngokukaJohane 6:39; KwabaseRoma 8:10-11, 19-23; 2 KwabaseKhorinte 4:14), bese abangasindisiwe ekwahlulelweni nokujeziswa kwaphakade (uDaniyeli 12:2; ngokukaJohane 5:29; Isambulo 20:13-15).

Sifundisa ukuthi imiphefumulo yabangasindisiwe esikhathini sokufa igcinwa ngaphansi kwesijeziso kuze kube sovukweni lwesibili (ngokukaLukha 16:19-26; Isambulo 20:13-15), isikhathi lapho umphefumulo nomzimba wokuvuka kuyohlanginiswa (ngokukaJohane 5:28-29). Bayobe-ke sebema phambi kweSihlalo Esikhuli Esimhlophe sokwahlulela (Isambulo 20:11-15) bayobe sebephoswa esihogweni, ichibi lomlilo (ngokukaMathewu 25:41-46), badingiswe kwimpilo kaNkulunkulu ingunaphakade (uDaniyeli 12:2; ngokukaMathewu 25:41-46; 2 kwabaseThesalonikha 1:7-9).

ISIKHATHI SOLAKA

Sifundisa ukuthi masinyane ngemuva kokususwa kwebandla emhlabeni (ngokukaJohane 14:1-3; 1 kwabaseThesalonikha 4:13-18) ukwahlulela okulungile kukaNkulunkulu kuzothululwa phezu komhlaba ongakholwa (Jeremiya 30:7; uDaniyeli 9:27; 12:1; 2 KwabaseThesalonikha 2:7-12; Isambulo 16), nokuthi lezizikhawu zokwahlulela zizofikiswa kuvuthondaba wukubuya kukaKhristu esenkazimulweni eze emhlabeni (ngokukaMathewu 24:27-31; 25:31-46; 2 KwabaseThesalonikha 2:7-12). Ngalesosikhathi abazalwane beThestamente Elidala nabesikhathi solaka bayokuvuswa bese abayobe bephila bayokwahlulelwa (**uDaniyeli 12:2-3; Isambulo 20:4-6**). Lesisikhathi sifaka phakathi iviki lamashumi ayisikhombisa lesiprofetho sikaDaniyeli (**uDaniyeli 9:24-27; ngokukaMathewu 24:15-31; 25:31-46**). Ukuhlwithwa kwebandla (1 kwabaseThesalonikha 4:13-18) kuyokwenzeka mhlampe masinyane ngaphambi kokuqala kweminyaka eyisikhombisa yesikhathi solaka noma ekubuyeni kukaKhristu esenkazimulweni ekupheleni kwalesisikhathi.

UKUBUYA KWESIBILI NOMBUSO WEMINYAKA EYINKULUNGWANE

Sifundisa ukuthi ngemuva kwesikhathi solaka, uKhristu uzoza emhlabeni ukuzohlala esihlalweni sikaDavide (ngokukaMathewu 25:31; ngokukaLukha 1:31-33; Izenzo 1:10-11; 2:29-30) bese emisa emhlabeni umbuso Wakhe wobuMesiya weminyaka eyizinkulungwane (Isambulo 20:1-7). Ngalesisikhathi abazalwane abavusiwe ekufeni bazobusa Naye phezu kukalsrayeli kanye naphezu kwezizwe zonke zomhlaba (uHezekiya 37:21-28; uDaniyeli 7:17-22; Isambulo 19:11-16). Lokhu kubusa kuzokwandulelwa wukuketulwa koMphikuKhristu kanye noMphrofethi Wamanga kanye nokususwa kukaSathane emhlabeni (uDaniyeli 7:17-27; Isambulo 20:1-7).

Sifundisa ukuthi umbuso qobolwawo uyakuba ngukugcwaliseka kwesithembiso sikaNkulunkulu asenza kulrayeli (uIzaya 65:17-25; uHezekiya 37:21-28; uZakhariya 8:1-17) ukuba buyisela emhlabeni abalahlekelwa yiwo ngenxa yokungalaleli (Idutheronomi 28:15-68). Umphumela wokungalaleli kwaba wukuthi ulsrayeli okwesikhashana ubuyiselwe eceleni (ngokukaMathewu 21:43; kwabaseRoma 11:1-26) kodwa uyophinda uvuselelwe ngokuphenduka ukungena ezweni lezibusiso (uJeremiya 31:31-34; uHezekiya 36:22-32; kwabaseRoma 11:25-29).

Sifundisa ukuthi lesisikhathi sokubusa kweNkosi yethu siyogqama ngokuzwana, ubulungiswa, ukuthula, ukulunga, nempilo ende (uIzaya 11; 65:17-25; Hezekiya 36:33-38), siyofikiswa ekupheleni ukukhululwa kukaSathane (Isambulo 20:7).

UKWAHLULELWA KWABALAHLEKILE

Sifundisa ukuthi ngemuva kokukhululwa kukaSathane ngemuva kweminyaka eyinkulungwane yokubusa kukaKhristu (**Isambulo 20:7**), uSathane uyodukisa izizwe zomhlaba bese ezihlanganisa ukuzolwa nabangcwele nomuzi othandekayo, okuyothi ngalesosikhathi uSathane nebutho lakhe bayakuqothulwa ngomlilo ovela ezulwini (**Isambulo 20:9**). Okulandela lokhu, uSathane uzophonswa echibini lomlilo nesibabule (**ngokukaMathewu 25:41; Isambulo 20:10**) masinyane ngemuva kwalapho uKhristu, ongumahluleli wabantu bonke (ngokukaJohane 5:22), uzovusa ekufeni bese ehlulela abakhulu nabancane Esihlalweni Esikhulu Esimhlophe sokwahlulela.

Sifundisa ukuthi lokhu kuvuka kwabafileyo kwalabo abangasindisiwe ukuba bazokwahlulelwa kuyobe kungokwenyama, lapho okuyothi sebetholile ukwahlulelwa (Roma 14:10-13), bayobe sebefakwa kwisijeziso sangunaphakade bephila echibini lomlilo. (Mathewu 25:41; Isambulo 20:11-15).

INGUNAPHAKADE

Sifundisa ukuthi ngemuva kokuphela kweminyaka eyinkulungwane, ukukhululwa kwesikhashana kukaSathane, nokwahlulelwa kwabangakhulwa (2 kwabaseThesalonikha 1:9; Isambulo 20:7-15), abasindisiwe bayongena kwisimo saphakade senkazimulo kanye noNkulunkulu, emveni kwalokho konke okwakhe lomhlaba kuyakuncibilikiswa (2 ekaPhethro 3:10) bese esikhudleni sawo kumiswe umhlaba omusha lapho kuhlala khona ukulunga kuphela (kwabaseEfesu 5:5; Isambulo 20:15,21-22). Okulandela lapho, umuzi wasezulwini uyakwehlala phansi uvela ezulwini (Isambulo 21:2) bese uba yindawo yokuhlala yabangcwele, lapho beyakuthokoza behlanganyele noNkulunkulu kanye nomunye nomunye ingunaphakade (ngokukaJohane 17:3; Isambulo 21:22). INkosi yethu uJesu Khristu, esefezekisile umsebenzi Wakhe wokusindisa, uyobe esenikezela umbuso kuNkulunkulu uBaba (1 kwabaseKhorinte 15:24-28) ukuze kuyona yonke imikhawulo uNkulunkulu omthathu emunye ezobusa phakade naphakade (1 kwabaseKhorinte 15:28).

NGINGABA KANJANI UMKHRESTU?

Ukuthobela uKhristu uJesu njengeNkosi noMsindisi yisenzo esisemqoka wena noma omunye ayonke asenze. Ukulungisa izinto noNkulunkulu kumele uvume qobolwakho ukuthi uyisoni esingeke sakwazi nakuzisiza phambi kukaNkulunkulu futhi esidinga uMsindisi (kwabaseRoma 3:23). Umele ukholwe ukuthi uJesu Khristu wafa esiphambanweni ukuba abe uMsindisi lo osuvumile ukuthi uyamdinga (1 ekaPhethro 3:18) nokuthi wavuka ekufeni eseqedile umsebenzi wokunqoba isono (kwabaseRoma 4:5; 1 kwabaseKhorinte 15:3-4). Umele uphenduke ngokungokwakho ezonweni zakho (kwabaseRoma 2:4) bese uvuma ngesiqiniseko uJesu Khristu njengeNkosi phezu kwempilo yakho (kwabaseRoma 10:9-20), ukholwe ukuthi, njengoba enguNkulunkulu, Yena angakwazi futhi impela uzokuxolela izono zakho (ngokukaJohane 1:1,12; ngokukaMakhu 2:1-13), bese ekunikezela ukuphila kwaphakade.

Lesi yisinqumo ozithathela sona phakathi kwakho noNkulunkulu—kodwa singathanda ukuthokozela ukukhuleka kunye nawe nokukusiza kulendaba ebaluleke kangaka yaphakade. Uma usenza lesisinqumo, noma ufisa ukwazi kabanzi ngalokhu, siyacela usithinte noma ukhulume nomunye wabaholi bebandla lethu ekupheleni kwananoma yiyiphi eyezinkonzo zethu. Sikhonela ukusiza.